

Publication		
EYETHU UGU		
Page	Date	AVE (ZAR)
13	Fri 29 Oct 2021	2213.03



Inyanga yezamanzi

Michael Dlamini

michaeld@dbn.caxton.co.za

Le nyanga kwezasolwandle, ebizwa ngeMzanSea, kuhloswe ngayo amaprojekthi amaningi azothulelwa umphakathi kuhlanguanisa nemikhiqizo eyahlukene ezobe yethulwa kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika.

Amaprojekthi eMzanSea kuhloswe futhi ngayo ukuxhumanisa abantu bakuleli. Inkundla yobuchwepheshe besimanje, i-<https://mzansea.org/>, ethinta kakhulu izingane kanye nokuthi zithole ulwazi isanda kusungulwa ngokohlelo lwencwadi.

Imigubho iqale ngesonto eledlule kanti ibihlelwe nguThomas Mtontsi obeyingx- enye yethimba ebilithuthukisa iqhaza elidlalwa yithimba ekuthuthukiseni lo mkhakha ngokwezesayensi ngokuhlanganyela nesikhulu esithunywe yi-Egagasini Node of the South African Environment Observation Network (SAEON).

Ngokusho kwenhlangano iSouth African Association for Marine Biological Research (SAAMBR) ngokuhlanganyela neSouth African National Biodiversity Institute (SANBI) leli lizwe linolwandle oluthathu oluxhumene nalo kodwa iningi labantu bakuleli kuncane kakhulu abakwaziyo okuyizinto ezitholakala olwandle.

"Yize abantu abanengi bejwayele okuningi okutholwa olwandle ngaphandle kodwa ban- cane abazi ngamagama izinto ezikhona lapha emanzini, abanye abanengi bazicabangela



Yizo lezi ezinye zezinto ongazithola olwandle.

ukuthi ulwandle yindawo nje yokuncebeleka. Abakwaziyo kakhulu yilokho okutholwa ngaphandle, ehlathini, otshanini nakwezinye izindawo ezisondele olwandle. Kodwa ke njengasemhlabeni kodwa nasolwandle kun- ezinto eziningi futhi ezahlukene ongazithola olwandle, okubalwa kuzo nezilwane ezahl- ukene futhi ezisebenza ngezindlela ezahl- ukene," kusho isitatimende.

Uma udinga ulwazi noma okuthize mayelana nolwandle nezilwane zalo ungax- humana noSolwazi Kerry Sink weSANBI neNelson Mandela University kulenombolo 082 831 0536 noma kule email k.sink@sanbi.org.za.

Noma uthinte uDokotela Judy Mann weSAAMBR kulenombolo 083 557 2470 noma kule email jmann@saambr.org.za.